# Amehlo Asethe Njo

Nabaya! Ekuseni ngovivi bephuma bengena
Kuhle kwamakhosikazi ethwele umbondo
Wakubona wakubeletha wephephandaba,
Babehlezi nyaka wonke benethezekile
Bengazi nokuthi lidumephi

Ngisho kuwe mfokazi nawe mfokazana
Namhlanje usufuna ukwazi imiphumela yami
Njengoba sengisenge ngakhiqiza ezami izaqheqhe
Ngigadle ngosiba ladumala iningi,
Kanti bengingakagadli bengisatinyela
Ziqhenye nawe mfokazi

Amehlo asethe njo, lwachitheka ubendle,
Kwakikizwa kwakhalwa
Kwajatshulwa kwadunyalwa
Kwazise nansi phela imiphumela kamatikul'etsheni.

Ibhalwe: Vincent Samukelo Masango

Vincent Masango

# Noluthando

Uyigugu ngempela kwabakuqabukayo
Ungithatha ungiphose ezimpophomeni ezigeleza ukwethaba
Ngiphile ngithi cha!
Ngabe yimi ngempela yini lo?
….Kuthi cwaka….
Ungibambe ngesandla
Ungisondeze esifubeni sakho
Lapho enginethemba lokuthi kuhlala leso silwane esihlanganisa okaNtusi nokaThusi
Ewu wayigugu weNoluthando

Lihloma lihlasele
Kuvaleke amehlo
Kuphebezeke imicabango
Kucinane amadlebe
Ezisaba amazolo ziyazitshawa,
Ngabe ngiyalimgwa yini ngonoluthando wami?
Sesiwokhele lomlilo wethu uvutha ubuhanguhangu
Kugxotshwe kwasaPhela eligcogcoma eXhibeni
Kazi ekaNtusi ngabe igadle ngokwanele na?
Ngoba phela nakhu sesiphuphuma emagcekeni akwaMasango,
Kuthenjiswana izulo nomhlaba,
Ewu ngizwa inxegane yamadolo uma ngimiswa mathupha nawe Noluthando

Ngawe sengiibhukuda ezizibeni zothando,
Kepha ngiminzisa okwembokodo eswele uminakzi
Ngawe sengokhele izinkinzi zamalangabi,
Kepha ngixhoshwa yizinhlansi
Ngizibuza ukuthi kazi silwane sini lesi osifukamele ngesifuba sakho,
Ngoba okwesihlahla esiqukethe ameva,
ukuzisondeza kuwena kuhlezi kungishiya ngimanxebanxeba
Ngabe nguwena njalo lona Noluthando?

Ibhalwe nguVincent Masango

Vincent Masango

# Thatha Magqabhagqabha

Thatha magqabhagqabha
Nyoni enagadlelwa nyama, kanti ezinye
Ziyosiwa zizalela amaphuphu,
Ngikuthanda usugcogcoma
Ezimbalini nasezimbizeni zodwana

Ngisho kuwe mfundo,
Usubancelisa ngombele wakho wolwazi
Eduze nasekudeni
Ngisho umhlaba wonke imbala

Ngawe kuhlangana izizwe,
Ngawe sigqekeza izingidi zokunyeza,
Uthatha umfokazana umenze umfokazi
, Uthatha usapho lukaNtu uluweze
Ngale komfula wolwazi

Thatha magqabhagqabha
Nyoni engadlelwa nyama

Ibhalwe nguVincent Masango

Vincent Masango